## IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe iziqephu EZINTATHU:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Indaba | (50) |
| ISIQEPHU B: | Imibhalo emide edlulisa umyalezo | (30) |
| ISIQEPHU C: | Imibhalo emifushane edlulisa umyalezo | (20) |

2. Ohlolwayo kulindeleke ukuba aphendule umbuzo OWODWA esiqeshini A , OWODWA esiqeshini B kanye noWODWA esiqeshini C.
3. Phendula imibuzo ngesiZulu.
4. Ohlolwayo makaqale umbuzo ngaMUNYE ekhasini ELISHA.
5. Bhala uhlaka ekhasini lephepha lokuphendula imibuzo, lube sekhasini lwalo lodwa.
6. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela:

| | |
|---|---|
| ISIQEPHU A: | Amaminithi angama-80 |
| ISIQEPHU B: | Amaminithi angama-40 |
| ISIQEPHU C: | Amaminithi angama-30 |

7. Ungazishintshi izinombolo zemibuzo. Zibhale njengoba zinjalo ephepheni lemibuzo.
8. Nikeza impendulo yakho isihloko esiyifanele. Amagama esihloko awabalwa, kubalwa amagama empendulo.
9. Ohlolwayo makaqaphelisise isipelingi kanye nokwakheka kwemisho.
10. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

## ISIQEPHU A: INDABA

## UMBUZO 1

1. Khetha **ISIHLOKO ESISODWA** kulezi ezilandelayo bese ubhala ngaso kufike emagameni angama -190 kuya emagameni angama – 240.
   QAPHELA: Uhlaka kumele luvele ngaphambi kwendaba.

1.1 Izinkinga Engabhekana Nazo Zangiqinisa. **(50)**

1.2 Imbangela Yokwentula Imisebenzi. **(50)**

1.3 Ubuhle Nobubi Bokufunda Ukushayela Imoto Usemncane **(50)**

1.4 Osopolitiki Balibuyisela Emuva Izwe Lethu. **(50)**

1.5 Angikaze Ngijabule Kanje. **(50)**

1.6 Khetha isithombe ESISODWA kulezi ezilandelayo bese ubhala indaba ngaso. Nika indaba yakho isihloko esifanele:

1.6.1



## ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO

**2 Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-80 kuya kwayi-100.**

2.1 **Incwadi Yomsebenzi**

Kunezinto eziningi ezingakuphathi kahle emphakathini wangakini kodwa lokhu okusandakwezeka kukwethuse kakhulu. Bhalela umhleli wephephandaba Amazolo incwadi ezophuma ephephandabeni lakhe. **(30)**

2.2 **Impilomlando (CV)**

Uhlele ukuba ubambe amatoho ngezikhathi zikaKhisimusi. Isitolo sokudla sangakini sikhangise umsebenzi wetoho. Bhala impilomlando ehambisana nencwajana ucele umsebenzi. **(30)**

2.3 **Umbiko**

Ngesikhathi nilungiselela umcimbi wokuhlola amakhono kuqubuke enkulu ingxabano phakathi kwabafundi bebanga le-11 nabebanga le-12. Bhalela uthisha wakho umbiko ngokwenzekile. **(30)**

2.4 **Inkulumo- mpendulwano/ingxoxo**

Ube nenhlanhla yokuwina uhambo oluya phesheya kwezilwandle uyomela iNingizimu Afrika ekuhayweni kwezinkondlo. Umsakazi weKhuluma FM ukubizela emsakazweni ukuzochaza. Bhala inkulumo-mpendulwano ephakathi kwakho nomsakazi. **(30)**

AMAMAKI ESIQEPHU B:30

## ISIQEPHU C: IMIBHALO EMIFISHANE EDLULISA IMIYALEZO

**3. Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-60 kuya kwangama-80.**

3.1 **Isaziso**

Ikhansela langakini likucele ukuba ubhale isaziso ngomcimbi omkhulu wokuvulwa kwehholo elisha langakini. Ikhansela likunike yonke imininingwane ngalo mcimbi ngocingo. Bhala isaziso. **(20)**

3.2 **Idayari**

Ubuvakashele umalume wakho ohlala phesheya kwezilwandle. Usubuyile kuleli. Umngani wakho ukucele ukuba umchazele ngebenikwenza izinsuku ezinhlanu. **(20)**

3.3 **Imiyalelo/Iresiphi**

Ubabekazi wakho ubenivakashele wamuphekela isitshulu (stew) esimnandi senyama yenkukhu. Ukucele ukuthi umufundise ukuthi usipheke kanjani. Bhala **imiyalelo/ iresiphi** oyisebenzisile ukusipheka. **(20)**

AMAMAKI ESIQEPHU C: 20
AMAMAKI ESEWONKE: 100